# 1 Awu, Mnu Nkawo!



**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

uNkosazana, uMnumzane, uyangqongqoza (ngqo, ngqo, ngqo), esematasatasa, ubucwebecwebe, izinsalela, uyisiminzi

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

kwesinkwa, izingcezu, wayoshintsha, siyakloloda, siklokloze, ebhentshini

UNkosazana Nkawu uyamthanda impela uMnumzane Nkawu. Ngelinye ilanga wamumema ukuthi azophuza itiye naye.

UNkosazana Nkawu wabhaka isinkwa esimnandi. Wasisika kahle izingcezu wazibeka eshalofini eduze kwefasitela ukuthi ziphole. Emva kwalokho wasika ushizi wawubeka epuletini eduze kwesinkwa esibhakwe kamnandi.

Wahamba wayoshintsha. Phela ufuna uMnumzane Nkawu ambone emuhle kakhulu!



UMnumzane Nkawu wasefika kwaNkosazana Nkawu ngesikhathi setiye. Mhmm! Ubukeka kahle naye njengoba egqoke isudi nesigqoko nje. Uphathele uNkosazana Nkawu izimbali ezinhle. Uyinsizwa enesithunzi namuhla!

UMnumzane Nkawu akazange akuthi mbibi ukudla kulokhu kusile ngoba ufuna isisu sakhe singabi nalutho ukuze aphuze kahle itiye likaNkosazana Nkawu. Ulambe ngangokuthi isisu sakhe siyaklolodа sithi *klo, klo, klo!*





*Ngqo, ngqo, ngqo*, emnyango kaNkosazana Nkawu.

'Wu! Ngiphe imizuzu embalwa nje,' kuphendula uNkosazana Nkawu engaphakathi, esematasatasa ezilungiselela.

'Singaqala sidle?' uMnumzane Nkawu ubuza ngethemba emi kuvulande ngaphandle kwendlu.

Kodwa uNkosazana Nkawu akaphenduli. Umatasatasa upenda umlomo.

UMnumzane Nkawu usekhumula isigqoko ulinda kuvulande. Kodwa iphunga lesinkwa esibhakwe kamnandi lidlula kuye liphuma efasiteleni. Lenza isisu sakhe siklokloze kakhulu. Ulambe uyafa! Kumele kube khona akudlayo ngoshesha!

UMnumzane Nkawu wabona izingcezu zesinkwa noshizi efasiteleni.

'Angisakwazi ukulinda!' kusho uMnumzane Nkawu ekhuluma yedwa, esho efaka isandla efasiteleni ethatha ucezu esinkweni sikaNkosazana Nkawu esibhakwe kamnandi. Wathatha nocezu lukashizi.

'Mhn, mhn, mhn,' kunyenyeza uMnumzane Nkawu, egwinya isinkwa noshizi.




Ngenkathi uMnumzane Nkawu edla isinkwa sikaNkosazana Nkawu noshizi, uNkosazana Nkawu usazilungisa. Waqeda ukuzipenda ubuso ngezinto zakhona, wazibuka esibukweni wajabula kakhulu. Ufuna ukubukeka kahle impela!



‘Singaqala sidle?’ uMnumzane Nkawu ubuza esami emnyango.

UNkosazana Nkawu akakaqedi ukuzilungisa.

UMnumzane Nkawu ulambile. Uzwa iphunga lesinkwa, isisu sakhe siyaklokloza. Ufuna ukudla! Akakwazi ukulinda! UMnumzane Nkawu uthatha ezinye izingcezu noshizi uyadla.



UNkosazana Nkawu akakaqedi ukuzilungisa. Ugqoka ubucwebecwebe ulungisa nezinwele.

Ngaphandle, uMnumzane Nkawu naye uyaqhubeka udla isinkwa sikaNkosazana Nkawu noshizi.



Ekugcineni, uNkosazana Nkawu uvula isivalo sangaphambili.

'Wamukelekile, Mnumzane Nkawu. Ngena ngaphakathi sizodla isinkwa engisibhake kamnandi,' kusho uNkosazana Nkawu emamatheka kamnandi.

'Hhayi, cha! Angikwazi ukudla izinsalela!' kuvungama uMnumzane Nkawu. Ulele ngesisu ebhentshini usuthi uyaqhuma, akasakwazi ukuhlala aqonde!

UNkosazana Nkawu ubona izintsha ezingenalutho. Ubuka uMnumzane Nkawu nentaba yesisu. UNkosazana Nkawu uyathukuthela. 'Mnumzane Nkawu uyisiminzi esingenamahloni! Awuhloniphi, Mnumzane Nkawu!' kukhononda yena. 'Udle sonke isinkwa sami noshizi. Ngeke ngiphinde ngikumemele itiye lakwami!'

*Wena, ungamumema futhi?*



# 2 Esitolo sezingubo



## NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

ahlukahlukene, incwasimende, esisawolintshi, olusasibhakabhaka, njengendlovukazi, nensundu, wengqephu, ezisemfashinini, bandla

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

kamamncane, esihloniphekile, esontweni, esisawolintshi, njengendlovukazi, ekhwayeni

Umndeni wakwaMkhize uyathenga esitolo sezimpahla zokugqoka. U-Ayoyo uhamba nomama wakhe baya ezicathulweni. Umama udinga izicathulo zikanikusho azozigqoka emshadweni kamamncane uDuduzile. U-Ayoyo ubuka umama wakhe elinganisa izicathulo ezahlukahlukene. Umama uthanda kakhulu lezi ezinombala wegolide. Uyalinganisa bese edansa kancane phambi kwesibuko, ezibuka.

'Lezi zicathulo ziyangifanela. Ngiyazithenga,' kusho umama.


U-Ayoyo naye uyazithanda izicathulo. Yena kodwa uthatha eziphinki ngombala.



U-Ayoyo uyobheka ubaba ukuthi uzilinganisa kanjani izibuko zelanga. Udinga ezintsha ngoba uye wahlala phezu kwazo ngephutha ezindala zephuka! Ubaba uthanda kakhulu lezi ezinengilazi esasibuko. Uzigqoka azibuke esibukweni bese ezincoma yena.

'Lezi zibuko zingenza incwasimende. Ngiyazithatha,' kusho ubaba.

U-Ayoyo uyazithanda naye izibuko zelanga. Yena uthatha eziphinki ngombala.



U-Ayoyo uthola ugogo elinganisa izigqoko. Ugogo udinga isigqoko esihloniphekile azosigqoka esontweni. U-Ayoyo ubuka ugogo elinganisa izigqoko ezihlukene ngemibala. Ugogo uthanda kakhulu lesi esisawolintshi. Uthanda kakhulu esinosiba olusasibhakabhaka! Uyama aqonde ugogo bese ezibuka esibukweni.

'Lesi sigqoko singenza ngibukeke njengendlovukazi. Ngiyasithatha,' kusho yena.

U-Ayoyo uyasithanda naye isigqoko. Yena uthatha esiphinki ngombala.



Wayesebona umkhulu elinganisa izikhafu u-Ayoyo. Umkhulu ufuna isikhafu sasebusika. Kunezikhafu eziningi ezinemibalabala azokhetha kuzo. Uthanda kakhulu esinemigqa emhlophe nensundu umkhulu. Usigaxa qede uzibuka esibukweni bese ezincoma yena.

'Lesikhafu sintofontofo sifudumele. Ngiyasithatha,' kusho umkhulu.

U-Ayoyo uyasithanda naye isikhafu. Yena kodwa uthatha esiphinki ngombala.



U-Ayoyo ufica udadewabo omdala. Udadewabo omdala uthanda izimpahla zombukiso. Abangani bakhe bonke bagqoka amasokisi amade neziketi ezimfushane, naye ufuna amasokisi amade. Udadewabo omdala ulinganisa amapheya ahlukahlukene. Wayeselinganisa amasokisi anemibala eminingi eyimigqa. Uzibuka esibukweni aze ame njengomkhangisi wengqephu.

'La masokisi asemfashinini. Ngiyawathatha,' kusho udadewabo omdala.

U-Ayoyo naye uyawathanda amasokisi. Uthatha aphinki ngombala.



U-Ayoyo usebona umfowabo omdala elinganisa amahembe. Udinga ihembe elisha lokucula ekhwayeni. Umfowabo omdala uthanda eliluhlaza okotshani nezinkinobho zakhona. Uzithanda kakhulu uma evela esibukweni, uzizwa ehloniphekile, ulithanda ngempela!

'Leli hembe lingihlala kahle. Ngiyalithatha,' kusho Umfowabo omdala.

U-Ayoyo uyalithanda naye ihembe. Yena uthatha eliphinki ngombala.



Ekugcineni wonke umuntu emndenini wakwaMkhize uzitholile izimpahla azidingayo.

Umama unezicathulo ezintsha, ubaba unezibuko zamehlo. Ugogo unesigqoko nomkhulu unesikhafu. Udadewabo omdala unamasokisi, umfowabo omdala unehembe elisha.

'U-Ayoyo bandla,' kusho umama. 'Nguye kuphela ongatholanga lutho namuhla.'

'Yebo ngitholile nami,' kusho u-Ayoyo. 'Ngibukeni!'

Nanguya u-Ayoyo emncanyana laphaya ugqoke zonke izinhlobo zezingubo ezithengwe wumndeni wakhe. Kodwa ezakhe zonke ziphinki lokhu okukhanyayo! 'Ayoyo, ufana no-ayisikhilimu ophinki,' kuhleka udadewabo omdala. 'Ungathi unoshukela ufuna ukudliwa!'

'Wumbono omuhle-ke lowo!' kusho ubaba. 'Masiyothengani u-ayisikhilimu sonke!'

Basuka bayowuthenga.



# 3 Isaqathe esikhulukazi




**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**
wayeziqhenya, ansundu, osawolintshi, amadadla, nokho, okhalweni, ihlaya

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**
ezinhlobonhlobo, emigqeni, ezisawolintshi, enhlabathini, owayengacabanga

Umlimi uGule wayeziqhenya ngengadi yakhe yemifino. Wayetshale izitshalo ezinhlobonhlobo emigqeni emihle. Wayenotamatisi obomvu emgqeni wokuqala, enoletisi oluhlaza emgqeni wesibili, enamazambane ansundu emgqeni wesithathu bese eba nezaqathe ezisawolintshi emgqeni wokugcina.

Nsuku zonke umlimi uGule wayezinakekela izitshalo zakhe ezikhulisa. Wayenisela engadini asuse nokhula, aqiniseke ukuthi inhlabathi ivundile. Emva kwamasonto ambalwa, izitshalo zasezikhule ngokuphelele, sezilungele ukuvunwa.

Umlimi uGule wavuka ekuseni kakhulu, wagqoka amadadla waphuma waya engadini yakhe yemifino. Wavuna wonke utamatisi obomvu emgqeni wokuqala. Wavuna wonke uletisi oluhlaza emgqeni wesibili. Wamba wonke amazambane ansundu emgqeni wesithathu. Wayesemba zonke izaqathe ezisawolintshi emgqeni wokugcina. Nokho, wayesecishe aqede. Kodwa isaqathe sokugcina sasingambeki enhlabathini.



Umlimi uGule wasidonsa wasidonsa, kodwa zange sinyakaze.

'Nkosi yami, sikhulu kakhulu lesaqathe!' kucabanga umlimi, wayesebiza inkosikazi yakhe ukuthi izomsiza ukusidonsa enhlabathini.



Umlimi wabamba isaqathe. Inkosikazi kamlimi uGule yabamba umyeni wayo okhalweni yamqinisa impela. Bobabili badonsa badonsa badonsa baphinda badonsa. Kodwa phinde ukuphuma isaqathe enhlabathini.

'Nkosi yami, sikhulu kakhulu lesaqathe!' kucabanga inkosikazi, yabe seyibiza indodana yabo ukuthi ize izobasiza.






Umlimi wabamba isaqathe wasiqinisa, umama wabamba ubaba okhalweni waqinisa, indodana yabamba umama okhalweni yaqinisa, bobathathu badonsa badonsa badonsa baphinda badonsa. Kodwa phinde ukuphuma isaqathe enhlabathini.


'Nkosi yami, sikhulu kakhulu lesaqathe!' kucabanga indodana, yabe seyibiza ingulube ukuthi ize izobasiza.

Umlimi wabamba isaqathe wasiqinisa, umama wabamba ubaba okhalweni waqinisa, indodana yabamba umama okhalweni yaqinisa, ingulube yama ngemilenze yangemuva yabamba indodana yayiqinisa. Bonke badonsa badonsa badonsa, baphinda badonsa. Kodwa phinde ukuphuma isaqathe enhlabathini.



'Nkosi yami, sikhulu kakhulu lesaqathe!' kucabanga ingulube, yabe seyibiza ikati ukuthi lize lizobasiza.

Lehla ikati odongeni. Umlimi wababa isaqathe wasiqinisa, umama wabamba ubaba okhalweni waqinisa, indodana yabamba umama okhalweni yaqinisa, ingulube yabamba indodana yayiqinisa, ikati labamba ingulube layiqinisa. Bonke badonsa badonsa badonsa baphinda badonsa. Kodwa phinde ukuphuma isaqathe enhlabathini.



'Nkosi yami, sikhulu kakhulu lesaqathe!' kucabanga ikati.


Bonke bakhathala ukudonsa isikhathi eside kangaka.

‘Lesaqathe ngeke size siphume,’ kusho umlimi uGule ephatheke kabi.

Ikati labe selithi, ‘Masizameni okokugcina,’ labe selibiza igundane ukuthi lize lizobasiza.



Umlimi wabamba isaqathe wasiqinisa, umama wabamba ubaba okhalweni waqinisa, indodana yabamba umama okhalweni yaqinisa, ikati labamba ingulube layiqinisa, igundane labamba ikati laliqinisa. Bonke badonsa badonsa badonsa baphinda *ba-do-nsa-a-a-a …*



SAPHUMA isaqathe!

Igundane elincane lavuka lazithintitha uthuli. Lasukuma lama lelula umzinjana walo.

'Ningibize noma nini uma nidinga usizo futhi,' kusho lona lihamba ngokuziqhenya liphindela emuva.

Ngubani owayengacabanga ukuthi igundane elincane lingadonsa isaqathe esikhulu kangaka siphume?



# 4 Umoya nelanga

*Ithathelwe enganekwaneni ka-Aesop ethi 'UMoya waseNyakatho neLanga'*



**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

ukwanda ngemilomo, kwashunqa izintuli, enesithwathwa, lakhipha umkhovu etsheni

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

ibhantshi, ukuqhaqhazela, namabhentshi, nenhlabathi, nesithwathwa, kakhudlwana, entshonalanga

Kusebusika. Umoya nelanga bayaphikisana.

'Nginamandla kunawe,' kusho umoya. 'Nginamandla ngangokuthi ngingaphephetha kuwe izihlahla.'

'Cha,' kusho ilanga. 'Yimina enginamandla amakhulu kunawe. Ngingashisa ihlathi lonke ngomlilo.'

'Mina ngingathatha umlilo wakho lowo ngiwuphephethe uye ezweni lonke, kushabalale yonke into lapho udlula khona,' kusho umoya.



Baphikisana inkathi ende. Ngaleso sikhathi, kwafika indoda igqoke izingubo ezifudumele zasebusika. Yayigqoke ibhantshi elikhulu likavolo.

'Asiyeke ukwanda ngemilomo,' kusho umoya. 'Sizobona ukuthi ngubani onamandla kunomunye! Ozosusa ibhantshi kulendoda wuye onqobile.'

'Kulungile,' kusho ilanga. 'Akuqale wena, Moya!'





Waqala umoya, wavunguza, wayijikeleza indoda ngenkathi ihamba. Yaqala ukuqhaqhazela indoda ngenkathi umoya uyidudula uyisa le nale, yayisondeza kakhulu ibhantshi emzimbeni izivikela.

Umoya waphephetha kakhulu, wenza kwaba lukhuni ukuthi indoda iqhubeke nokuhamba. Umoya waphephetha kakhulu kwaza kwashunqa izintuli namakhasi ezihlahla. Waphephetha kakhulu kwaphephuka isigqoko. Lokhu kwayenza indoda ibophisise zonke izinkinobho zebhantshi layo.

Waphephetha ngamandla awo wonke umoya. Waphephetha kakhulu ngangokuthi kwaza kwawa imigqomo kadoti namabhentshi. Kodwa konke lokhu kwenza indoda ibambelele ebhantshini layo ilivalisise.



Umoya waze waphelelwa amandla wehluleka ukuphefumula ngenxa yokukhathala. Awuzange usaqhubeka nokuphephetha.

‘Sekungawe ke langa manje. Hhayi, zimisele impela,’ kusho wona.



Ilanga laqhamuka emva kwamafu. Lakhanya kahle nje likhipha imisebe efudumele. Kwafudumala umoya nenhlabathi kwancibilika nesithwathwa. Kwaphela ukuqhaqhazela endodeni, yajabula umayizwa umzimba ufudumala.

Ilanga lakhanya kakhudlwana lafudumala futhi laya ngokushisa kakhudlwana. Indoda yathi ukuxegisa uthayi nezinkinobho zebhantshi.



Imisebe yelanga yaya ngokuya ifudumala. Ilanga lashisa lakhipha umkhovu etsheni.

Masinya indoda yalikhumula ibhantshi.

Kwathi cwaka isikhashana umoya nelanga bethulile. Babuka indoda ifinyeza imikhono yehembe, iphonsa ibhantshi emahlombe. Bayibuka icosha isigqoko sayo futhi iqhubeka nohambo lwayo. Masinyane yanyamalala.

Kwaba yikhona umoya ukhuluma. 'Uphumelele, Langa,' kusho umoya ukhulumela phansi. 'Unqobile. Unamandla ngempela kunami.'

'Ngiyabonga, Moya,' kusho ilanga. 'Kulungile nginqobile, kodwa ngiyazi ukuthi nawe unawo amandla ngempela.'

Wasuka umoya wandiza wadlula izwe nolwandle, nelanga laqhubeka ngendlela yalo esibhakabhakeni lisuka empumalanga liya entshonalanga.



# Incwadi Enkulu 6

Izincwadi Ezinkulu ziwumthombo omuhle wokufunda ngokubambisana. Incwadi Enkulu ngayinye kulezi ezibizwa ngeVula Bula iqukethe izindaba ezahlukahlukene ezihlelwe ngesihloko esisodwa. Kunemifanekiso edwebeke kahle emibalabala ehambisana namazwi abhaliwe afundeka kalula ngokuphinyiselwa, kanti imifanekiso lena ihambisana kahle nokubhaliwe, ukugqugquzela uthando lokufunda izindaba. Ukuxoxisana nabafundi ngemifanekiso kuvame ukulikhuphula izinga lokukhula komfundi ngamunye ekufundeni, kuphinde kumnike isibindi neqholo ngokusetshenziswa kwamagama amasha uma ekhuluma. Indaba ngayinye inohla lwamagama amasha okudingeka abafundi bawaqonde ukuze bakwazi ukuyilandele kalula indaba.

**Incwadi Enkulu 1**
1. Musa!
2. Lala
3. Izimo
4. Vula vala

**Incwadi Enkulu 2**
1. Baleka
2. Lalela
3. Bala
4. Qoqa

**Incwadi Enkulu 3**
1. Jika
2. Ubaba usele nosana
3. Umnikelo
4. Nyenyeza

**Incwadi Enkulu 4**
1. Ekhaya
2. Elikabani isondo?
3. Uhambo
4. Sizani!

**Incwadi Enkulu 5**
1. Uphi uZinzi?
2. Sidlala ungize
3. Izinyo
4. Liphukile ifasitela

**Incwadi Enkulu 6**
1. Awu, Mnu Nkawo!
2. Esitolo sezingubo
3. Isaqathe esikhulukazi
4. Umoya nelanga

**Incwadi Enkulu 7**
1. Bekela ikusasa
2. Indaba yomlingo
3. Isobho lamatshe
4. Unogwaja nofudu

**Incwadi Enkulu 8**
1. Ibhubesi negundane
2. Siyabhaka nogogo
3. Idolobha lakithi
4. INingizumu Afrika ngeyethu

## ISIZULU

CC BY NC ND

978-1-77580-483-3